



uMNU Zwakele Mngwenyama kaMasipala uBuhebezwe nesekele lemeya yaseDr Nkosazana Dlamini Zuma, uMnu Philani Shange, kade kuphisiswa isabelomali.
ISITHOMBE: SITHUNYELWE

Abalimi "bavimba" intuthuko kamasipala

"Bagweve" nomhlaba okumele kugxunyekwe kuwo ugesi

MTHOBISI SITHOLE

UKHOMBA abalimi ngenjumbane uMasipala iDr Nkosazana Dlamini Zuma, uthi bagweve nomhlaba wabo ukuze kugxunyekwe izigxobo zikagesi okufanele ufakelwe abantu - lokhu ukuchaza njengokuvimba intuthuko.

UMnu Philani Shange, oyisekela lemeya yaseDr Nkosazana Dlamini Zuma, uthi lokhu kwenza eminye imiphakathi idonse kanzi- ma, ingawutholi ugesi.

Lokhu ukusho ngoLwesihlanu, eHimeville, e-Underberg umasipala wakhe kade uphasisa isabelomali sonyakamali ka-2018-19 esiwu-R245 million.

Kulezi zindawo ubalule i-Underberg, wathi ithanda ukusilela ezinhlelweni zentuthuko ngenxa yokuthi kunabani-kazi bomhlaba abangafuni lutho, abaveza ukuthi nabo bayazikhokhela izindleko zikamasipala ngakho-ke kumele bahlonishwe ngomhlaba wabo.

"Sinenkinga enkulu yomhlaba, kasikwazi ukusiza abantu ezindaweni eziningi ngenxa yale nto. Sisemkhankasweni wokuxoxa nabani-kazi bomhlaba ukuze sizowuthatha ubuyeke ngaphansi kwethu siwumasipala.

"Sizophinde senze ucwaningo olunzulu ngawo umhlaba lona kule ndawo ngoba ziningi izindawo esesithole ukuthi kazinabo abani-kazi kanti ezinye zazo kukhona asebazithatha bathi ngezabo ekubeni kungenjalo. Lapho khona kunomhlaba, sizowuthatha ngoba kasikwazi ukuyekela abantu be-ngathuthuki ngenxa yabantu abathile emapulazini," kusho uMnu Shange.

Uthi kunesigameko lapho kushe khona owesifazane nengane yakhe ngenxa yekhandlela, okungenye yezinto ezenza balwele ukuba umphakathi uthole ugesi.

Uthe nakuba isabelo sabo sisi-ncane kodwa bezokwenza konke okusemandleni ukuthi izidingo zomphakathi zibekwe phambili. U-R2.3 million kulesi sabelo.

uMnu Shange uthi kuzobhekelelwa izinhlelo zokuthuthukiswa kwentsha, imali engaphezu kuka-R10 million ngeyokuba kubhekelwe izingqalasisinda, ukulungiswa kwezakhiwo zomphakathi, ukuthuthukisa ezemidlalo, ezokuvakasha, ezobuciko namasiko.

UMnu Shange uthi baphinde balekelele abafundi abaswele abaphase kahle amatikuletshe- ni ngemali yokubhalisa emanyuvesi kanti abanye babo babafundisa ngisho eCuba.



UVO LWAKHO:
 Masizwe umbono wakho ngalolu daba ekhasini leFacebook (ilanga newspapers), kuWhatsapp (082 070 8034).

KABAYIZWA EYOMLAWULI E-NDZ

MTHOBISI SITHOLE

KALIYIZWA kahle eyokuba khona komlawuli kumasipala walo isekela-meya yaseDr Nkosazana Dlamini Zuma, uMnu Philani Shange, njengoba lithi lo masipala kawukho ezinkingeni.

UMnu Shange uthi kumasipala wabo kakukaze kuthiwe izinhlelo zomphakathi zimile ngenxa yokuthi kayilandelwanga imigomo noma kayiphasiswanga imithetho yokusebenza, kodwa kunabanye omasipala abaningi abanezinkinga, abangafakwanga ngaphansi komlawuli.

Kulabo masipala ubale uMngundlovu neHarry Gwala. Uthi kushiya imibuzo ukuthi kungani kuyona kungangenelelwa.

"Besingeke sihlale namakhansela kuphiswisa isabelomali salo nyaka uma kuwukuthi kunezinki-

nga emkhandlwini. Ngiyavuma, bezikhona phambilini kodwa njengamanje kubanjiswene kahle, kuyasetshenzwa nakuba kusalandelwe uNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu, uNkk Nomusa Dube-Ncube, ukuba aphen-dule ngodaba lwemenenja," kusho uMnu Shange.

Njengamanje lo masipala usebenza ngaphansi komlawuli, uMnu Dumisani Vilakazi, ojutshwe nguNkk Dube-Ncube emuva kokuba kukekwabikwa izinkinga eziningi ezimayelana nokuqashwa kwemenenja.

Ikhona imenenja okunguMnu Nkosiyezwe Vazi, okuyiyona ebi-vele iqhohobele lesi sikhundla ngaphambi kokuba kubenezinkinga. UMnu Shange uthi ukhlanganiswisa kukamasipala iKwaSani neNgwe - emuva kokhetho lohulumeni basekhaya lwamhla ka-3

kuNcwaba (August) 2016 - kakubangalula kubona ngoba kuthinte kakhulu isabelomali ngenxa yokuthi kunezisebenzi eziningi esezikhona.

"KwaSani bekunezisebenzi ezivu-82 nama-ward awu-4 kanti iNgwe yona ibinezisebenzi ezivu-110 nama-ward awu-11. Kudingeke ukuba bonke laba bantu bangaphelelwa wumsebenzi ngoba besingafuni kubekhona abaxoshwayo," kusho uMnu Shange.

Okhulumela uMnyango wezoku-Busa ngokuBambisana nezoMdabu KwaZulu-Natal, uMnu Msawakhe Mayisela, uthi uma ebhalelwa ungqongqoshe - ngodaba lwemenenja - uzophendula kodwa seyaqokwa ngokomkhandlu.

Mayelana nokuba khona komlawuli kulo masipala, uthi usazobheka kahle ukuthi kwenzekani. mthobisi@ilanganeews.co.za